

Story Power

Umkhombandlela wokuphatha
uhlelo lwamaholide
lokufundela ukuzithokozisa



Malibali

Siyanemukela!

Ufuna ukukhombisa izingane ukuthi ukufunda yinto ezingayenza noma kuphi noma nini? Ufuna ukuqinisekisa ukuthi azicabangi ukuthi ukufunda yinto eyenzeka emakilasini azo kuphela? Ukuphatha uhlelo lwamaholide olunokufundela ukuzithokozisa njengento okugxilwa kuyo yindlela enhle kakhulu yokwenza lokhu!

Ngesikhathi samaholide esikole izingane ziyakwazi ukuzipholela nokuguqula indlela eyejwayelekile yokwenza izinto. Ngakho-ke, amaholide ezikole ayisikhathi esihle sokwenza izingane ziheheke ekufundeni, noma ukuzigcina sekuyinto eziyejwayele ukufundela ukuzithokozisa!

Uma ufuna ukwazi indlela yokuphatha uhlelo lwamaholide lokufundela ukuzithokozisa, lo mkhombandlela we-Story Power ulungele wena! Kuwo uzothola amacebo okuhlela nokuphatha uhlelo, kanjalo nemibono ngemisebenzi ethokozisayo ongayifaka.

Hlanganyela nathi ukugcina izingane zikhuthazekile unyaka wonke.

Ithimba lakwaNal'ibali

QAPHELA: Lo mkhombandlela utholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyishumi nanye; bheka eminye imikhombandlela ochungechungeni lweStory Power! Yana ku-www.nalibali.org ukuze uyithole.

Kukhonani ngaphakathi

- Luyini uhlelo lwamaholide lokufundela ukuzithokozisa?..... 3
- Ukuhlela nokuphatha uhlelo lwamaholide..... 4
- Imibono eyi-15 yezinto ezingenziwa ohlelweni lwamaholide 6

Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokuphinde usebenzise kanye/noma ukusabalalisa le nsiza, xhumana noNal'ibali:

The Nal'ibali Trust
Suite 17-201, Building 17
Waverley Business Park, Wyecroft Road
Mowbray, 7700
Inombolo yocingo: (021) 448 6000
Ikheli le-imeyili: info@nalibali.org

- Abasunguli kanye nabengamele iphrojekthi: Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA)
- Umhumushi: Dumisani Sibiya
- Ukuhlela ngokucubungula nokufundisisa osekubhaliwe: Bhikinkosi Ntuli
- Umdwebi wabalingiswa bakaNal'ibali: Rico
- Idizayini: Magenta Media
- Ukuhlelwa kombhalo nezithombe: Baseline Publishing Services
- Uxhaso lwezimali lokukhiqiza le nsiza lunikezelwe ngabakwa-United States Agency for International Development

Luyini uhlelo lwamaholide lokufundela ukuzithokozisa?



Ukufundela ukuzithokozisa akufanele kugcine uma amathimba okufunda ehlaba ikhefu! Izinhlelo zamaholide zinganikeza izingane ithuba lokuthokozela nokuhlolisisa izindaba ngesikhathi samaholide ezikole.

Ezinhlelweni zamaholide zokufundela ukuzithokozisa kugcizelelwa ngaso sonke isikhathi indaba yokufundela intokozo! Imisebenzi eyakha lezi zinhlelo inenhloso eyodwa: ukokhela inhansi nokuqhuba uthando lwezingane lokufunda nezindaba.

Kukhona izinzuzo ezinhlelweni zamaholide ezigxila ekufundeleni ukuzithokozisa. Nazi ezinye zazo.

- ★ Izinhlelo zamaholide zisiza izingane zibone ukufunda njengento oyenza ngesikhathi sakho esikhululekile. Ukubona ukufunda njengomsebenzi ongawuthokozela ngesikhathi sokuphumula, kuyigxathu elibalulekile ekusizeni izingane ukuthi zibe ngabafundi impilo yazo yonke.
- ★ Amaholide avamise ukuba yizikhathi ezingematasa kakhulu. Lokhu kusho ukuthi kunesikhathi esengeziwe semisebenzi yokufundela ukuzithokozisa kunaleso esitholakala ngesikhathi izikole zivuliwe. Ngakho, izinhlelo zamaholide zingakhululeka nje, ziphathwe isikhathi esidana ngosuku kunemihlangano yamathimba okufunda eyenzeka ngesikhathi sesikole.

- ★ Izingane ezingakabi ngamalungu ethimba lokufunda zingabandakanywa ezinhlelweni zamaholide. Lokhu kuzethula endleleni izindaba, izincwadi nokufunda okunelisana ngayo. Kuyazikhuthaza ukuthi zibe ngabafundi abafunda njalo nokuthi zingene ethimbeni lokufunda!
- ★ Izinhlelo zamaholide zigcina izingane zimatasa futhi zithokozile ezimeni ezikhululekile nezipephile. Zibaluleke ngokukhethekile uma ngabe abazali bezingane besebenza, nasemiphakathini lapho zingekho khona izinto eziningi izingane ezizenzayo ngesikhathi samaholide ezikole.

Izingane ziya ezinhlelweni zamaholide zokufundela ukuzithokozisa hhayi ngoba kukhona othile ozitshelile ukuthi kumele ziye, noma ngoba ziyahlonyuliswa ngokwenza lokho. Ziza ngoba kuyinto ethokozisayo neyanelisayo!

Ungathola ulwazi olwengeziwe ngokufundela ukuzithokozisa kuMkhombandlela 1 we-Story Power, otholakala kusizindalwazi sethu ku-www.nalibali.org.



Ukuhlela nokuphatha uhlelo lwamaholide

Usunqumile-ke ukuphatha uhlelo lwamaholide lokufundela ukuzithokozisa! Akukho ndlela eyodwa kuphela efanele yokwenza lokhu. Sebenzisa okukujabulisayo ngezindaba nezincwadi ukukusiza ukusungula uhlelo oluthokozisayo nolufaka ugqozi.


Kodwa-ke kunoma yimiphi imisebenzi oyikhethayo, ukuhlela okuqondile kubalulekile. Nayi imibono engakukhombisa indlela.

- ★ **Ngobani?** Izinhlalo zamaholide zingaphathwa ngabazali, abomtapo wezincwadi, othisha, abaholi bamathimba okufunda noma izitshudeni. Kanti akudingekile ukuba lokhu ukwenze uwedwa! Thola abazinikela ukusebenza ngokuthanda ukuze bakusize. Cela abantu abadala abathanda izindaba nokufunda bazibandakanye kulo lonke uhlelo noma ukwenza umsebenzi abangongoti ekuwenzeni, njengokuxoxa izindaba noma okobuciko nomsebenzi wezandla.
- ★ **Abangaki?** Sebenzisa inani labasebenza ngokuzithandela ongakwazi ukubathola ukukusiza ukunquma ukuthi zingaki izingane ongazifaka. Ukuba nezingane ezilishumi kumuntu omdala oyedwa kuvamise ukusebenza kahle. Kodwa kuzodingeka ukwazi ukuguquka futhi uma kunesidingo. Khumbula ukuthi ezinye zezingane zingekwazi ukuza nsuku zonke kanti ngezinsuku ezithile ungaba nezingane ezingaphezulu kwalokho obukuhlelele.
- ★ **Kuphi?** Ungaluphatha uhlelo lwamaholide noma yikuphi lapho kuphephe khona futhi kunendawo eyanele – esikoleni, emtatsheni wezincwadi, ehholo lomphakathi, esontweni, kumosikhi noma ethempelini. Zama ukukhetha indawo okungalindelekile ukuthi wena nezingane nihlale nithule kakhulu kuyo – kulukhuni ukuthula uma nithokozela izindaba!
- ★ **Ini?** Uzodinga izindaba ongazixoxa nongazifunda, kanye nokunye kokufundela izingane. Zama ukuba nezinto zokufunda eziningi ngangokwamandla akho, njengezincwadi zezithombe, amanoveli, izincwadi zolwazi, izinkondlo, izilandelo namaphephabhuku. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi yonke ingane ingathola okuthile engathanda ukufunda. Cishe uzodinga izinsiza ezengiziwe kweminye yemisebenzi oyihlelayo, ukwenza isibonelo, iphepha; ikhadibhodi; izinto esezisetshenziswa kabusha

njengamabhokisi esiriyeli, amakhathoni amaqanda nezivalo zamabhodlela; amakhrayoni; amapeni ekhokhi; izikelo; izinamathelisi; upende namabhulashi; inhlama yokudlala nobumba. Izinto ezifana neziqephu zendwangu, izikhafu, izigqoko nezifihlabuso kwenza impahla enhle yokulingisa izindaba.

Izeluleko zokuhlela

1. Yenza uhlelo lwemisebenzi yosuku ngalunye. (Kukhona isibonelo sohlelo ekhasini elilandelayo.) Khetha izinhlobo ezahlukene zemisebenzi ukugcina uhlelo luhlale luthokozeleka. Imisebenzi eminingi ingahlobana nezindaba ozikhethile, kodwa faka futhi neminye imisebenzi yokufunda noma yokubhala. Khumbula ukuthi izingane eziningi zizobuya izinsuku zilandelana ngakho uzodinga izindaba ezahlukene, amaculo nemidlalo okuhlukene. Zejwayeze ukwenza izindaba nemisebenzi okukhethileyo ukuze ukwazi ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ukuyiqeda.
2. Khangisa ngohlelo lwakho lwamaholide esikoleni emihlanganweni yabazali, ezincwajaneni zezindaba, kumabhodi ezaziso asemitatsheni yezincwadi, emitholampilo nasezikoleni.
3. Hlela usuku lokubhalisa ukuze ukwazi ukuthi zingaki izingane ezizobamba iqhaza kulolu hlelo. Lokhu kuzokusiza unqume ngezinsiza ozozidinga. Mema abazali nabanye abanakekeli bezingane ukuthi beze bazobhalisa izingane zabo kulolu hlelo emasontweni amabili ngaphambi kokuthi luqale. (Kukhona isibonelo sefomu lokubhalisa ku-www.nalibali.org, noma-ke ungazidizayinela elakho.)
4. Hlela ukuthi ungayenza kanjani ihehe indawo. Cabanga ngokuthi ungazihlela kanjani izindawo ezithule lapho izingane zizokwazi ukubuka noma zifunde izincwadi zizodwa, kanye nezinye izindawo ezilungele imisebenzi oyihlelayo.



Isibonelo sohlelo lwamaholide



	uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu
09:00–09:15	Iculo loku-1	Umdlalo woku-1	Isilandelo	Iculo loku-2	Umdlalo woku-2
09:15–09:30	Umsebenzi wokungenisa (Ukuqala ukukwazi: ikhasi lesi-6)	Umsebenzi wokungenisa (Ukuzikhethela: ikhasi lesi-6)	Xoxa indaba	Indaba efundwa kuzwakale yesi-3: ukufundela iqembu lonke kuzwakale	Indaba efundwa kuzwakale yesi-4: ukufundela iqembu lonke kuzwakale
09:30–10:00	Indaba efundwa kuzwakale yoku-1: ukufundela lonke iqembu kuzwakale	Indaba efundwa kuzwakale yesi-2: ukufundela lonke iqembu kuzwakale	Ukuxoxa ngendaba: ukuxoxa ngendaba yanamuhla	Ukuxoxa ngendaba: ukuxoxa ngendaba yanamuhla	Ukuxoxa ngendaba: ukuxoxa ngendaba yanamuhla
10:00–10:45	Ukuxoxa kwamaqenjana: Isihloko: Izindaba esizaziyo; izindaba esizithandayo	Umsebenzi wobuciko oxhumene nendaba yanamuhla	Ubuciko nemisebenzi yezandla exhumene nendaba yanamuhla	Ubuciko nemisebenzi yezandla exhumene nendaba yanamuhla	Umsebenzi womdlalo oxhumene nendaba yanamuhla (Ukulingisa izindaba ngamaqembu)
10:45–11:00	Ikhefu lokuthola okuhlafunwayo nokuya endlini encane				
11:00–11:45	Umsebenzi wokubhala (Ukusungula ubonda lwendaba: ikhasi lesi-7)	Umsebenzi wokubhala oxhumene nendaba yanamuhla (Ukubhalela omunye wabalingiswa)	Umsebenzi womdlalo oxhumene nendaba yanamuhla	Umsebenzi wokubhala (Ukwenza izincwadi: ikhasi lesi-6/ Ukwenza isondo lendaba: ikhasi lesi-7)	Ukwakha izindaba (Ukuhlenganisa amagama athile: ikhasi lesi-6)
11:45–12:05	Ukufunda izincwadi ngawedwa kanye/noma ngababili	Ukufunda izincwadi ngawedwa kanye/noma ngababili	Ukufunda izincwadi ngawedwa kanye/noma ngababili	Ukufunda izincwadi ngawedwa kanye/noma ngababili	Ukufunda izincwadi ngawedwa kanye/noma ngababili
12:05–12:15	Phinda iculo loku-1 bese uvalelisa	Phinda iculo loku-1 bese uvalelisa	Phinda iculo loku-1 noma isilandelo bese uvalelisa	Phinda iculo loku-1 nelesi-2 bese uvalelisa	Phinda iculo loku-1 nelesi-2 noma isilandelo bese uvalelisa

Imibono eyi-15 yezinto ezingenziwa ohlelweni lwamaholide



- 1. Ukuqala ukukwazi.** Lungisela ngokusika bese ukhipha izithombe ezinkulu kumaphephabuku noma kumaphephandaba bese uzinamathisela eziqeshini zamaphepha. Emva kwalokho bhala imibuzo emithathu ngemuva kwesithombe ngasinye izingane ezingayisebenzisa ukuzethula kwezinye, ukwenza isibonelo, "Ubani igama lakho? Yini oyenzayo ukuzithokozisa nje? Iyiphi indaba yakho oyikhonzile?" Landelisa ngokusika isithombe ngasinye sibe yiziqephu ezine bese ufaka iziqephu zazo zonke izithombe ndawonye esikhwameni. Qala umsebenzi ngokunikeza ingane ngayinye ithuba lokuthatha isiqephu esisodwa esikhwameni. Zicele ukuthi zithole ezinye izingane ezintathu ezineziqephu zokuqedela isithombe bese ziphendula imibuzo ndawonye.
- 2. Ukukhetha.** Dweba noma uthole izithombe zezinto ezimbili, ukwenza isibonelo, imbali kanye noshokoledi. Bukisa ngezithombe ukuze zonke izingane zizibone. Yehlukanisa izingane ngamaqembu bese uzicela zixoxe ngokuthi iyiphi into ezingayikhethe uma zinikwe ithuba lokuba nayo kuphela bese zisho ukuthi kungani ziyikhethe. Khetha othile ophuma kulelo nalelo qembu, atshele wonke umuntu ngobekuxoxwa eqenjini labo.
- 3. Ukucula nokudlala.** Amaculo, izilandelo nemidlalo kuyizindlela ezithokozisayo zokuqala nokuqeda usuku. Fundisa izingane amaculo owawuwacula, izilandelo owawuzisho nemidlalo owawuyidlala useyingane, kanye nokunye ezikwaziyo. Cula amaculo ngezilimi zebele zazo zonke izingane kanye nangezinye izilimi.
- 4. Ukufunda nokuxoxa izindaba.** Funda kuzwakale bese/noma uxoxe izindaba njalo, bese wenza isikhathi emva kwalokho sokuxoxa ngazo nezingane. Buye utholele izingane isikhathi sokufunda noma sokubheka izincwadi ngayinye noma ngazimbili.
- 5. Ukwenza izincwadi.** Yenza izincwadi ngokuqhanela ndawonye iziqephu zamaphepha angenalutho bese unika izingane zikusebenzise lokhu ukuzakhela ezazo izincwadi zezindaba. Izingane ezindadlana zingadweba, zibhale zizodwa. Izingane ezincanyana zingadweba izithombe zendaba bese ubhala amagama ezikutshela wona. Zidedele izingane zifundelane izincwadi zazo!
- 6. Ukwenza izincwadi ze-alfabhethi.** Yenza lokhu nezingane ezincanyana noma umeme izingane ezindadlana zenzele izingane ezincanyana ezizaziyo. Bhala uhlamvu ngalunye lwe-alfabhethi esiqeshini sephepha elilodwa bese uwaqhanela ndawonye wenze incwadi. Emva kwalokho phakamisa ukuthi izingane zidwebe noma zithole izithombe zezinto eziwayelekile zalolo nalolo hlamvu, ukwenza isibonelo, ukuthi uGogo eduze kohlamvu "G".
- 7. Ukwengeza amagama athile.** Khombisa izingane incwadi yezithombe engenamagama bese uziphonsela inselelo yokuthi zisebenzise izithombe ukwenza izindaba ezahlukeneyo neziningi ngangokwamandla azo!



8. **Ukwenza ubonda lwendaba.** Thola indawo ewubonda endaweni enikuyo. Nikeza izingane iphepha, amakhrayoni namapensela bese uzicela ukuthi zibhale futhi zidwebe mayelana nezindaba ezizithokozelayo. Khombisa imibhalo yezingane nemidwebo yazo obondeni.
9. **Ukwenza uhlu lokudla.** Cela izingane ukuthi zizicabange zimeme abalingiswa bezincwadi ezizithandayo esidlweni sasemini noma etiyeni. Mazibhale uhlu lokudla ezingakunika abalingiswa bazo ukuthi bakudle noma bakuphuze.
10. **Ukwakha isondo lendaba.** Yehlukanisa izingane zibe ngamaqembu bese unikeza iqembu ngalinye isiqephu sephepha esinendilinga enkulu ehlukaniswe izingxenye eziyisithupha ezilinganayo – njengevolintshi – kulona. Ingane eyodwa eqenjini mayiqale indaba ngokubhala kanye/noma nokudweba isingeniso sendaba engxenyeni eyodwa yalezi zindilinga. Izingane ziyashintshana ukwakha indaba ngokubhala kwezinye izingxenye zendilinga indaba ize iphele. Emva kwalokho zinganquma ukuthi sithini isihloko sendaba yazo bese zithokozela ukusifunda zindawonye!
11. **Ukuqopha izinkumbulo.** Mema izingane ukuthi zidwebe imifanekiso, zisebenzise izithombe, zisike zikhiphe amagama emaphephandabeni nasemaphephabhukwini, bese zengeza awazo amagama ukwenza amaphosta okuthiwa: Izinkumbulo zami.
12. **Ukuqagela indaba.** Izingane mazisebenze ngamathimba ukulingisa isigcawu esiphuma endabeni eyaziwa yiwo wonke umuntu bese amanye amathimba eqagela igama lendaba.



13. **Ukubhala nokulingisa.** Khetha enye yezindaba ezisohlelweni lwakho lwamaholide. Usebenzisana nezingane, bhala phansi ukuthi umlingiswa ngamunye uthini, emva kwalokho izingane zikhethe umlingiswa ezifuna ukuba nguye. Nikezela ngezinto zokulingisa, njengeziqephu zendwangu, izigqoko, izicathulo noma izimpahla bese uzidedela zilingise indaba.
14. **Ukwamukela izihambeli.** Mema ababhali bezincwadi, abadwebi bemifanekiso, abaxoxi bezindaba nabalingisi ukuze bakhulume nezingane babelane nazo ngezindaba.
15. **Ukuzikhipha.** Khipha izingane niyobuka umdlalo, noma ukuhlolisa umtapo wenu wezincwadi osendaweni, noma ukuvakashela ndawana thizeni ehlobene nendaba oyixoxile noma eniyifunde ndawonye.

Ungathola imisebenzi eyengeziwe yokufundela ukuzithokozisa kweminye yeMikhombandlela yethu ye-Story Power. Vakashela kusizindalwazi sethu ku-www.nalibali.org.

Xhumana noNal'ibali

Yiba yingxenywe yohlelo lukaNal'ibali bese usebenzisa amandla ezindaba ukuze ukhuthaze izingane ukuthi zifune ukufunda nokubhala.

Vakashela izithangami ezahlukene ukuze uthole izinsiza kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa, kanye nezindaba zezingane ngezilimi eziyi-11.

Izithasiselo zikaNal'ibali

Thola isithasiselo sasephephandabeni sokufundela ukuzithokozisa esingezilimi ezimbili ku-Sowetan, i-Sunday Times Express, i-Daily Dispatch kanye ne-The Herald. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Usemsakazweni uNal'ibali

Lalela izinhlelo zikaNal'ibali emsakazweni eziteshini zokusakazela umphakathi zakwa-SABC, bese uthokozela izindaba zezingane ngezilimi eziyi-11 ezisemthethweni eNingizimu Afrika. Vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole **izinhlelo zasemsakazweni** zakwaNal'ibali.

www.nalibali.org

Vakashela **isizindalwazi** sikaNal'ibali ukuze uthole amakhasi amacebo, ama-blog okwazi ukufunda nokubhala, amacebo okufunda kanye nezindaba zezingane kwamahhala.

www.nalibali.mobi

Thola amacebo okuxoxa izindaba kanye nokufunda, ukwesekwa kwamathimba okufunda nezindaba ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyi-11 – **kumakhalekhukhwini** wakho!



Izinkundla ezokuxhumana

Yiba yingxenywe yengxoxo ku-**Facebook** futhi usilandele ku-**Twitter** naku-**Instagram** ukuze uthole amasu nezakamuva ezikhuthaza ukufundela ukuzithokozisa, izindaba ezintsha nemincintiswano. Kanti ungaphinde uvakashele isiteshi sethu se-**YouTube**, www.youtube.com/user/TheNalibaliChannel ukuze uthole amasu awusizo ethimba lokufunda.



Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**,

noma enye yalezi zindlela:  www.nalibali.org  www.nalibali.mobi

 [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)  [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)  [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)  info@nalibali.org